FEDERAL RESERVE
1,000,000
1,000,000
EPH1 4HECHOZUS
THE UNITED STATES OF AMERICA
MILLION
USA
USA
MILLION
EPH1 4HECHOZUS
1,000,000
THIS NOTE IS NOT LEGAL TENDER FOR ALL DEBTS, PUBLIC AND PRIVATE
Secretary Of Ministry
SERIES 2010
Department of Eternal Affairs
CLINTON
1,000,000
ONE MILLION DOLLARS

IBhayibheli lithi uNkulunkulu uNgcwele, uphelele ekulungeni futhi akafani nendalo. (Isa 6:3, 55:8-9, 2 IziKr. 2:6, 6:18, Neh 9:6). UNkulunkulu uthi "Manibe-ngcwele, ngokuba mina ngiNgcwele" (1 Pet 1:15-16) futhi ufuna ukuphelela (Mat. 5:48). UNkulunkulu ungumahluleli olungileyo (AmaH. 98:9), unamandla onke, unokwazi konke futhi akaguquki (AmaH. 147:5, Heb 13:8). Awunakho ukugwema/ukuvimba ukwahlulela Kwakhe (AmaH. 139:8, Dan 4:35). UNkulunkulu "uvivinya inhliziyo" futhi "Uyakunika wonke umuntu njengokwenza kwakhe" (Jer. 17:10). UNkulunkulu uluthando futhi uyazonda ububi (1 Joh. 4:16, IzA. 6:16-19). Ubonakalisa umusa "kwabayizinkulungwane abamuthandayo nabagcina imiyalo yakhe" kepha akayikumyeka onecala (Dut. 7:9, Num. 14:18) Ingabe ulungile yini? Bheka imiyalo elishumi: Usake wakhuluma amanga? (Eks.20:16) "bonke abaqamba amanga isabelo sabo sisechibini lomlilo" (Isamb. 21:8) Usake wakhanukela umuntu, noma wamzonda engenzanga lutho? (Eks 20:13-14) UJesu wathi lokho kungukuphinga nokubulala. (Mat. 5:21-22, 28) Wake waliphatha ngokungafanele igama likaNkulunkulu? UNkulunkulu uthi, "akayikumyeka oliphatha ngeze igama lakhe" (Eks.20:7). IBhayibheli lithi uma uphula "umyalo owodwa" unecala kuyo yonke. (Jak. 2:10) Ngokomthetho kaNkulunkulu wena ungumbulali ophingayo onamanga nohlambalazayo. "Umphefumulo owonayo uyakufa" (Hez. 18:4) futhi ungaphoswa esiHogweni; okuyilangabi, ubuhlungu kanye nobumnyama (Mark 9:48, Mat. 25:30, Luk. 16:23, Isamb. 14:11). Isono siyicala elingapheliyo kuNkulunkulu oNgcwele kuze kube phakade; isiHogo saphakade singubulungiswa (Rom 2:9). Uma isigebengu sithi "Ngiyaxolisa" umahluleli olungile uzosikhulula yini? Cha, kodwa uyakuthi, "Ngiyathokoza ukuthi uyazisola kepha umthetho ufuna ubulungiswa." UNkulunkulu uyakusijezisa isono, nokuthi "ngiyaxolisa" akuyikumkhulula onecala. "Akakho olungileyo" (Rom 3:10-18) "nokulunga kwethu kuyizidwedwe ezingcolileyo" (Isa. 64:6) IBhayibheli lithi kuyisinengiso ukuvuna omubi (Iza 17:15). UNkulunkulu oNgcwele angazithethelela kanjani izoni ezinecala na? Isoni asikwazi ukuhlawula icala, kepha uma omunye elihlawula, umthetho uyaneliseka. Yikho lokhu uJesu akwenzela khona (1 Tim 1:15, Rom 5:6, 1 Kor. 15:3, Heb 9:15) UNkulunkulu waba yinyama (Heb 2:14), uJesu waphila impilo engenasono, futhi ngothando wazinikela esiphambanweni wabangumhlatshelo. (Joh 3:16-18, 1 Pet 1:19, Joh 8:46) wathwala ulaka lukaNkulunkulu ngezono zakho (1 Pet 3:18). Wafa, wembelwa, wavuka ngosuku lwesithathu, ebonakalisa ukuhlawulwa kwecala ngokupheleleyo (Luk 9:22, Rom 4:25). Insindiso ivela ngomusa, ngokukholwa nguJesu, yena yedwa (Efes 2:8, Ize 4:12, Joh 14:6). UNkulunkulu uyala "bonke abantu ezindaweni zonke ukuba baphenduke" futhi bathembele kuJesu (Ize 17:30, Mark 1:5). Phenduka, ukholwe, khala ngokuzithoba kuNkulunkulu, uzivume bese uzishiya izono zakho. (Jak 4:8, Rom 6:2). Nxusa kuNkulunkulu ukuba akuphe ukuphenduka nokukholwa (Ize 11:18) uncenge umusa (Amah 41:4, Luke 18:13, Proverbs 28:13). "Ozayo kimi angisoze ngamlahlela ngaphandle" (Joh 6:37, Rom 10:13). Iminikelo kaNkulunkulu ingumoya owaphukileyo nenhliziyo eyaphukileyo (Amah 51:17). "Yilowo engiyakubheka kuye,ohluphekayo nonomoya ochobozekileyo, othuthumela ngezwi lami." (Isa 66:3, 57:15, Jak 4:6). UJesu wathi kumele "uzalwe kabusha" (Joh 3:3-8). KuKristu uba "yisidalwa esisha" (2 Kor 5:17). UNkulunkulu uzakuguqula inhliziyo yakho ukuba ithande ubuNgcwele. Isono sakho siyakubekwa kuJesu, nokulunga kwakhe kuwe (2 Kor 5:21, 1 Kor 1:30, Rom 4:8, 1 Peter 2:24) . Funda iBhayibheli nsuku zonke bese uyalilalela. Thola ibandla elifundisa ngeBhayibheli. Ingabe usungumKristu? Ngakho "Zihlole wena" (2 Kor 13:5); ingabe wethembele kuJesu yedwa noma emsebenzini yakho? Funda 1 EkaJohane bese uzivivinya ngemibhalo. "Kwenze kuqiniseke ukubizwa nokukhethwa kwakho" (2 Pet 1:10). Kubazenzisi uJesu uyakuthi "angizange nginazi; sukani kimi nina benzi bokubi" (Mat 7:22-23). www.needGod.com